basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# Ukuhlolwa Kwekhono Lokufunda Kumabanga Aphansi

## Umhlahlandlela kathisha

## IsiZulu

Department of Basic Education

**Department of Education**
Ungabhala ofuna ukukusho ukubhekise ku:
Ms Chintha Maharaj (Chief Education Specialist, Foundation Phase)
Tel: +27 12 312 4123
Fax: +27 12 325 4001
e-mail: Maharaj.c@dbe.gov.za

Sol Plaatje House
123 Schoeman Street
Private Bag X895
Pretoria 0001
South Africa
Tel: +27 12 312 5911
Fax: +27 12 321 6770
120 Plein Street

Private Bag X9023
Cape Town 8000
South Africa
Tel: +27 21 465 1701
Fax: +27 21 4611810
http://www.education.gov.za
http://www.thutong.org.za

# Okuqukethwe

**Uthisha**

| | |
|---|---|
| Yini ozoyidinga? | 2 |
| Kufanele ulihlole nini ikhono lomfundi lokufunda? | 3 |
| Yini etholakala kulelithuluzi lokuhlola? | 3 |
| Ukuhlola ikhono lokuphimisa imisindo yezinhlamvu ngesiZulu | 4 |
| Ukuhlola ikhono lokufunda amagama kahle | 6 |
| Ukufunda indatshana | 8 |
| Ukuhlola ikhono lokufunda ngokuqondisisa | 10 |
| Amashadi okufunda abantwana | 11 |
| Ishadi elikhombisa inqubekela phambili | 20 |
| Incwadi yabantwana yokuhlola inqubekela phambili | |
| Amashadi okumaka | |

## KUTHISHA

1. Sebenzisa lelithuluzi ukuhlola ikhono lengane lokufunda ngokukhululeka kanje:

| | |
|---|---|
| • **Ukuphimiswa kwezinhlamvu** | Zingaki izinhlamvu umfundi **angaziphimisa kahle** ngomzuzu owodwa? |
| • **Ukufunda amagama**<br>• **(ukuhlola kokuqaphela imisindo)** | Mangaki amagama umfundi **angawafunda kahle** ngomzuzu owodwa? |
| • **Ukufunda indatshana** | Mangaki amagama umfundi **angawafunda kahle nangokukhululeka** ngomzuzu owodwa? Bayakuqonda na abakufundayo? Okubalulekile ukufunda ngokukhululeka, hhayi ngesivinini. |

2. Buza abafundi imibuzo ngendatshana ukuhlola **ukuqondisisa** ngabakufundile: Mingaki imibuzo umfundi **angayiphendula kahle** emva kokufunda indatshana?

3. Okubalulekile: leli ithuluzi lokuhlola

## YINI OZOYIDINGA?

Uzodinga lokhu okulandelayo:

1. Ithuluzi lokuhlola.
2. Iwashi noma umakhalekhukhwini
3. Incwajana yokurekhoda umsebenzi womfundi ngamunye.

## KUFANELE ULIHLOLE NINI IKHONO LOMFUNDI LOKUFUNDA?

Hlola amakhono okufunda omfundi ukuze uthole isisekelo solwazi kanye nesokuqapha ngokuqhubeka:

1. **Ekuqaleni (Qal)** konyaka (kwithemu yokuqala) ukwazi izinga abaqala ngalo ukufunda.
2. **Phakathi** (**Phak**) nonyaka ukubona ukuthi izinga labo lokufunda liyathuthuka noma lime ndawonye okukanye libuyele emuva.
3. **Ekupheleni (Phel)** konyaka ukuhlola ukuthi abafundi baphumelele yini emazingeni alindelekile **okufunda ngokukhululeka nangokuqondisisa** kulelo banga.
4. Uma umfundi eselizuzile ikhono lokufunda ngokukhululeka nokuqondisisa, asikho isidingo sokuqhubeka nokuhlola.
5. Kanjalo uma umfundi engakwazi ukufunda izinhlamvu, asikho isidingo sokuhlola ukufunda ngokuqondisisa.

## KUNANI KULELITHULUZI LOKUHLOLA?

1. Ishadi (Ishadi 1) eline**zinhlamvu** okufanele abafundi bazazi futhi bazifunde beziphimisa.
2. Ishadi (Ishadi 2) elina**magama** okufanele abafundi bawafunde bewaphimisa.
3. Ishadi (Ishadi 3) **elinendatshana** okufanele abafundi bayifunde **ngokukhululeka** bephimisela.
4. **Imibuzo** okumele abafundi bayiphendule ukukhombisa ukuqondisisa indatshana abayifundile.
5. Ishadi lokubheka inqubekela phambili ngokuqhubeka kwesikhathi. Usebenzisa lelishadi ukuqokelela amamaki omfundi ngamunye kwimisebenzi emine emayelana nokufunda ngokukhululeka. Uhla lokuqala kuzoba ngelokuphimisa izinhlamvu zamagama ezi-120; uhla lwesibili lokufundwa kwamagama a - 80; uhla lwesithathu ngelokufunda isiqephu esinamagama angu-56 (Ishadi 3:1), 55 (Ishadi 3:2), 70 (Ishadi 3:3), nohla lwesine okungelemibuzo emihlanu yokuqondisisa.

# 1. Ukuhlola ikhono lokusho imisindo yezinhlamvu ngesiZulu



Khombisa umfundi ishadi lemisindo yezinhlamvu (Ishadi1).Yithi kumfundi: "**Nanti ikhasi elinemisindo yezinhlamvu zamagama. Ngifuna uphimise zonke izinhlamvu ozaziyo. Ngifuna uqale lapha.** (Khomba amagama asemgqeni ophezulu kwesobunxele kuya kwesokudla. Fundela umfundi umsindo wamagama onikezwe wona) **Uma ngithi 'Qala-ke', uzophimisa izinhlamvu ngokuzazi kwakho. Uma ungawazi umsindo wohlamvu, ngizokusiza. Beka umunwe wakho ohlamvini lokuqala. Uzwe kahle? Usulungile? Qala-ke."**



- Beka isikhathi umfundi aqala ngaso uma uthi **"Qala-ke."**
- Encwajaneni yomfundi dweba umugqa ovundla phezu kohlamvu umfundi angaluphimisanga ngendlela, isibonelo: ~~a~~
- Uma umfundi ezilungisa ngaphandle kosizo lwakho, mukela leyo mpendulo njengokuyiyona.
- Ngemuva komzuzu mtshele ukuthi **"mana."** Faka uphawu **(])** ngemuva kohlamvu lokugcina oluphinyiswe ngumfundi.
- Bala bese uphinda urekhoda izinhlamvu umfundi aziphimise kahle.
- Uma umfundi ephimise kahle zonke izinhlamvu esikhathini esingaphansi komzuzu, rekhoda inani lezinhlamvu sezizonke, njengokuthi 40 eshadini lokuqhubeka.

## Ishadi Lemisindo 1.1

## Isibonelo esikhombisa imisindo efundiwe

**Isibonelo:** b s

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| V | I | h | g | s | y | z | w | L | N |
| I | K | T | D | K | T | q | d | z | w |
| h | w | z | m | U | r | j | G | X | u |
| g | R | B | Q | I | f | I | Z | s | r |

## DWEBA UMUGQA PHEZU KWEMISINDO h, z & k

Kulokhu umfundi ufunde wafika kumsindo "T", olandelwa abakaki "]", abafakwe uthisha. Uthisha uzobala afike lapho umfundi egcine khona ukufunda. Ngamanye amazwi umfundi ufunde imisindo eyi - 16. Wenze amaphutha amathathu noma uhlulekile ukufunda imisindo emithathu, uthisha udweba umugqa phezu kwemisindo ~~h~~, ~~z~~, ~~k.~~ Ngakho ke umfundi ufunde kahle imisindo eyi - 13. Uthisha uzobhala amagama ayi - 13 eshadini lokuhlola lomsebenzi wokufunda imisindo.

Uma umfundi efunde kahle yonke imisindo ngesikhathi esingaphansi komzuzu owodwa, uthisha ufaka uphawu (√) **eshadini lokuhlola imisindo, lokho okusho ukuthi imisindo ihlolwe yonke. Asikho ke isidingo sokuqhubeka nalokuhlola.**

## 2. Ukuhlola ikhono lokubiza amagama kahle

Khombisa umfundi ishadi lamagama (Ishadi 2).



Wothi kumfundi **"Buka la magama."** (khomba amagama anikwe njengezibonelo.Funda amagama anikwe njengezibonelo **Nanka amanye amagama. Ngifuna uqale lapha** (Khomba igama lokuqala eshadini 2) **bese uqhubeka njalo uye kwesokudla** (mkhombise ekhasini). **Uma ngithi 'Qala-ke', funda amagama ongawafunda. Funda ukhombe igama ngenkathi ulifunda. Uma ungalazi igama, ngizokusiza. Beka umunwe wakho egameni lokuqala. Uzwe kahle? Usulungile? Qala-ke."**



- Beka isikhathi umfundi aqala ngaso uma uthi **"Qala-ke."**
- Encwajaneni yomfundi dweba umugqa ovundla egameni umfundi angalifundanga ngendlela, isib: ~~dangala~~
- Uma umfundi ezilungisa ngaphandle kosizo lwakho, mukela leyompendulo njengokuyiyona.
- Ngemuva komzuzu mtshele ukuthi **"Yima."** Faka uphawu **(])** ngemuva kohlamvu lokugcina oluphinyiswe ngumfundi.
- Bala bese uphinda urekhoda amagama umfundi awafunde kahle.
- Uma umfundi efunde kahle wonke amagama esikhathini esingaphansi komzuzu, rekhoda inani lamagama esewonke, njengokuthi 40 eshadini

## Ishadi Lamagama 2.1

## Isibonelo seshadi lamagama

**Isibonelo:** usisi icici

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| umama | ikati | ubaba | itiye | vela | qoba | veza |
| sika | cula | lala | unana | ipeni | idada | usisi |
| umoba | ugogo | ufana | irula ] | amadolo | ixoxo | iwele |
| hlela | khala | ihleza | ibhodi | isivalo | indoda | abantu |
| ingane | imfundo | isicathulo | amanzi | ishumi | iqanda | ukudla |
| izolo | ugodo | isikole | inkomishi | umshununuzo | indlebe | isinkwa |
| iqolo | iyoyo | umfana | isikelo | isicabha | isihlahla | impama |
| insipho | ukuhlanza | ummese | inkinobho | isicabucabu | ibhubesi | impukane |
| iphephandaba | umsindo | insizwa | isitsha | isigqoko | incwadi | ibhentshi |
| ingqathu | ingxabano | izitsha | inhlwathi | umgqomo | intshonalanga | ikhekhe |
| inkomo | iwolintshi | intshebe | kunca ne | ukuthi | iqhwa | gxuma |
| isikhwama | igatsha | gcina | | | | |

Umfundi ufunde umzuzu owodwa. Kulokhu, umfundi ukwazile ukufunda afike egameni elithi "irula "elilandelwa abakaki "]" abafakwe uthisha. Uthisha uzobala afike lapho umfundi egcine khona ukufunda. Ngamanye amazwi umfundi ufunde amagama ayi - 18. Umfundi wenze amaphutha amabili noma uhlulekile ukufunda amagama amabili uthisha wadweba umugqa phezu kwamagama: ~~lala~~, ~~ugogo~~, ngakho ke umfundi ufunde kahle amagama ayi - 16. Uthisha uzobhala i - 16 eshadini lokuhlola lomsebenzi wokufunda amagama.

Uma umfundi efunde kahle onke amagama ngesikhathi esingaphansi komzuzu owodwa, uthisha ufaka uphawu (√) eshadini lokuhlola amagama, okusho ukuthi ahlolwe onke amagama. Asikho ke isidingo sokuqhubeka nalokuhlola.

## 3. Ukufundwa kwendatshana

Umfundi akafunde kuzwakale indatshana, mbekele / mkalele isikhathi. (khombisa umfundi lamashadi: 3.2 ; 3.2; noma 3.3, kuye ngeThemu enikuyo).



**"**Wothi kumfundi: **"Ngizocela ufunde lendaba uphimisa. Uma uba unenkinga ngamagama athile ngizokusiza, ukuze wena uqhubeke ufunda. Uma ngithi "Yima", ngizokubuza imibuzo ngalendaba. Qala lapha** (khomba igama lokuqala elisendatshaneni). Usulungile **"Qala-ke."**



- Beka isikhathi umfundi aqala ngaso uma uthi "**Qala-ke.**"
- Encwajaneni yomfundi dweba umugqa ovundlayo phezu kohlamvu umfundi angaluphimisanga ngendlela efanele, isib: ~~izitsha~~ noma ~~engitshela.~~
- Uma umfundi ezilungisa ngaphandle kosizo lwakho, mukela leyo mpendulo njengokuyiyona.
- Ngemuva komzuzu mtshele ukuthi **"Yima."** Faka uphawu **(])** ngemuva kohlamvu lokugcina oluphinyiswe ngumfundi.
- Bala bese uphinda urekhoda(encwadini yokufundwa kwendatshana) inani lamagama umfundi awaphimise kahle.
- Uma umfundi ephimise kahle onke amagama esikhathini esingaphansi komzuzu, faka uphawu **(√)** encwajaneni yendatshana yokuhlola, rekhoda inani lamagama esewonke, njengokuthi 44 eshadini lokuqhubeka.

## Ishadi Lesigatshana 3.1

| | Inani lamagama umugqa ngamunye |
|---|---|
| Igama lami ngingu Njabulo. Ngineminyaka eyisikhombisa. | 5 |
| Ngithanda ukusiza umama uma egeza izitsha. Umama | 7 |
| uhlala engitshela ukuthi kubalulekile ukusizana, kanye | 6 |
| nokuhlanzeka. Ezinye izingane zicabanga ukuthi | 5 |
| amantombazane kuphela okufanele ageze izitsha, kanti akunjalo. | 7 |
| Uthisha wangitshela ukuthi wonke umuntu kufanele azigeze izitsha. | 8 |
| Ngiyathanda] ukwelekelela umama uma egeza izitsha. | 6 |
| Izitsha ziba ziningi kakhulu uma umama epheka ekhishini. | 8 |
| Umama uyakuthokozela ukusizwa ekhishini. | 4 |
| ISAMBA | (56) |

Umfundi ufunde umzuzu owodwa. umfundi ukwazile ukufunda afike egameni elithi “ngiyathanda” elilandelwa abakaki “]” abafakwe uthisha. Uthisha uzobala afike lapho umfundi egcine khona ukufunda. Ngamanye amazwi umfundi ufunde amagama angama - 39. Wenze amaphutha amabili noma uhlulekile ukufunda amagama amabili uthisha wadweba umugqa phezu kwamagama ~~izitsha, engitshela,~~ ngakho ke umfundi ufunde amagama angama - 37. Uthisha uzobhala ama - 37 eshadini lokuhlola lomsebenzi wokufunda indatshana.

Uma umfundi efunde kahle onke amagama ngesikhathi esingaphansi komzuzu owodwa, uthisha ufaka uphawu (√) eshadini lokuhlola indatshana, okusho ukuthi ahlolwe onke amagama. Asikho ke isidingo sokuqhubeka nalokhu kuhlola.

## 4. Imibuzo ngokuqondisisa (Ishadi 3.1)



Wothi kumfundi: **“Manje ngizokubuza imibuzo embalwa ngendaba oyifundile. Zama ukuphendula yonke imibuzo.”**

- Faka uphawu ( ✔ ) empendulweni okuyiyona eduze kombuzo ngamunye encwajaneni yomfundi.

| Imibuzo | Izimpendulo |
|---|---|
| 1. Ngubani igama lomfana? | UNjabulo |
| 2. Uneminyaka emingaki umfana? | Eyisikhombisa |
| 3. Ngabe uthanda ukwenzani umfana? | Ukusiza umama wakhe |
| 4. Umama wamtshela ukuthi yini ebalulekile? | Ukusizana kanye nokuhlanzeka |
| 5. Ucabanga ukuthi kungani ezinye izingane zicabanga ukuthi amantombazane kuphela okufanele ageze izitsha? | Yemukela nanoma iyiphi impendulo efanele |

## Ishadi Lemisindo 1.2

## Landela imiyalelo ngokwshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi lokuphinyiswa kwemisindo yezinhlamvu)

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| S | n | C | B | p | Y | F | c | a | E |
| y | s | Q | P | M | v | O | t | n | P |
| Z | A | e | x | f | F | h | u | A | t |
| W | G | H | b | S | I | g | m | i | L |
| p | n | t | t | Q | A | x | e | Z | P |
| n | b | s | v | F | h | t | A | C | Y |

## Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi lokufundwa kwamagama)

## Ishadi Lamagama 2.2

**Isibonelo:** usisi icici

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| umoba | ugogo | ufana | irula | amadolo | ixoxo | iwele |
| sika | cula | lala | unana | ipeni | idada | usisi |
| hlela | khala | ihleza | ibhodi | isivalo | indoda | abantu |
| umama | ikati | Ubaba | itiye | vela | qoba | veza |
| izolo | ugodo | isikole | Inkomishi | Umshununuzo | indlebe | amanzi |
| ingane | imfundo | Isicathulo | isinkwa | ishumi | iqanda | iqolo |
| ukudla | iyoyo | umfana | isikelo | isicabha | isihlahla | isikhwama |
| Iphepha-ndaba | umsindo | insizwa | isitsha | isigqoko | incwadi | gcina |
| insipho | ukuhlanza | ummese | Inkinobho | isicabucabu | ibhubesi | Inqgathu |
| inkomo | kuwubizo | impama | igatsha | ibhentshi | iqhwa | gxuma |
| impukane | Ingxabano | izitsha | inhlwathi | umgqomo | Intshona-langa | ikhekhe |
| intshebe | kuncane | Umgqomo | | | | |

## Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi Lesifundo sokuqondisisa)

## Ishadi Lesifundo sokuqondisisa 3.2

| | Inani lamagama umugqa ngamunye |
|---|---|
| Kunesimanga sikadokotela endaweni yangakithi. Lena yinsizwa | 6 |
| yakwaSithole. Amanesi akhe anesineke esiyinqaba ezigulini. Kuyagcwala | 7 |
| kakhulu endaweni yakhe yokusebenzela. Ufica wena zalukazi, amakhehla, | 8 |
| izinsizwa kanye nezintombi. Egunjini lokulinda kukhona nomabonakude. | 7 |
| Ngesikhathi nisalindlie niphuza iziphuzo. USithole uyabathanda | 6 |
| kakhulu abantu, ungumuntu wabantu. Kuyena kuwubizo ukuba | 7 |
| ngudokotela. | 1 |
| Bonke abantu balayelana ngaye, uzwa bethi "uma ugula | 8 |
| uboya kudotela u Sithole, uphathana kahlé" | 5 |
| INANI LAMAMAKI | (55) |

## Imibuzo ngokuqondisisa (Ishadi 3.2)

| Imibuzo | Izimpendulo |
|---|---|
| 1. Ngowakwabani isibongo udokotela? | Sithole |
| 2. Kungani kubalulekile ukuba amanesi abe nesineke ezigulini? | Yemukela nanoma iyiphi impendulo efanele |
| 3. Yini ebukwa yiziguli egunjini lokulinda? | Umabonakude |
| 4. Ungumuntu onjani lodokotela? | Umgumuntu wabantu |
| 5. Yisiphi isifundo esisithola kulendaba? | Kubalulekile ukuthanda umsebenzi wakho |

**Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi lokophinyiswa kwemindo yezinhlamvu)**

## Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe

## (Ishadi lokophinyiswa kwemisindo yezinhlamvu)

## Ishadi lemisindo1.3

| | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| E | L | o | c | X | N | L | Y | p | x |
| N | k | q | D | d | y | b | j | R | v |
| V | M | W | o | V | I | h | g | S | Y |
| W | I | h | g | S | y | Z | V | L | N |
| V | I | h | g | S | y | Z | W | L | N |
| I | K | T | D | K | T | q | d | z | w |
| h | w | z | m | U | r | j | G | X | u |
| g | R | B | Q | I | f | I | Z | s | r |
| Z | A | e | x | f | F | h | u | A | t |
| W | G | H | b | S | I | g | m | i | L |

## Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi lokufundwa kwamagama)

### Ishadi Lamagama 2.3

**Isibonelo:** usisi icici

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| impukane | Ingxabano | izitsha | inhlwathi | umgqomo | Intshonalanga | ikhekhe |
| inkomo | sizithathele | impama | igatsha | ibhentshi | iqhwa | gxuma |
| izolo | ugodo | isikole | Inkomishi | Umshununuzo | indlebe | amanzi |
| intshebe | kuncane | Umgqomo | ukudla | iyoyo | umfana | isikelo |
| insipho | ukuhlanza | ummese | Inkinobho | isicabucabu | ibhubesi | Inqgathu |
| umoba | ugogo | ufana | irula | amadolo | ixoxo | iwele |
| Iphephandaba | umsindo | insizwa | isitsha | isigqoko | incwadi | gcina |
| isicabha | isihlahla | isikhwama | ingane | imfundo | Isicathulo | isinkwa |
| ishumi | iqanda | iqolo | hlela | khala | ihleza | ibhodi |
| sika | cula | lala | unana | ipeni | idada | usisi |
| itiye | vela | qoba | veza | umama | ikati | Ubaba |
| isivalo | indoda | abantu | | | | |

**Landela imiyalelo ngokweshadi elisekuqaleni elifundiwe (Ishadi Lesifundo sokuqondisisa)**

## Ishadi 3.3

| | Inani lamagama umugqa ngamunye |
|---|---|
| Izulu lalibalele likhipha umkhovu etsheni. Sahamba nabangani bami | 8 |
| saya kobhukuda. Endleleni sabona izihlahla zezithelo. Ezamapentshisi, | 7 |
| ezikamango kanye nezamagwava. UVusi wathi asime sikhe lezi zithelo | 9 |
| ukuze sibe nomphako. Nempela sama sazikha. Sathi singaqeda saqhubeka | 9 |
| Nohambo lwethu. Safika emfuleni sabhukuda, sabe sesidla umphako | 8 |
| wethu. Sakhohlwa ngisho nokubheka isikhathi. Endleleni ebuyela ekhaya | 8 |
| sahlangana nomnikazi wezihlahla zezithelo. Wasibuza ukuthi sizithathephi | 7 |
| lezi zithelo, ngoba sasingazicelanga. Saxolisa kakhulu futhi sethembisa ukuthi | 8 |
| ngeke siphinde sizithathele ngaphandle kokucela. | 5 |
| | (70) |

| Imibuzo | Izimpendulo |
|---|---|
| 1. Nikeza isihloko salendaba? | U Vusi nabangane bakhe/ Izithelo ezingaceliwe/ umnikazi wezihlahla zezithelo |
| 2. Babeyaphi abangane? | Babeyobhukuda |
| 3. Yini abayibona endleni? | Izihlahla zezethelo |
| 4. Ukube kwakunguwe, wawuzokwenzenjani uma uhlangana nomnini zithelo? | Yemukela nanoma iyiphi impendulo efanele |
| 5. Yisiphi isifundo esisithola kulendaba? | Akufanele uthathe into yomuntu ungayicelanga |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Isikolo:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Uthisha:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ibanga:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ukuhlolwa Kwekhono Lokufunda Kumabanga aphansi(EGRA) Ishadi lenqubekela phambili IBANGA LOKU- 1** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **Ukuhlola koku- 1( Ekuqaleni konyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola kwesi- 2 ( Phakathi nonyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola 3 (Ekugcineni konyaka)** | | | | | | | |
| **Usuku** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Umsebenzi** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** |
| | **1.1** | | **2.1** | | **3.1** | | | **1.2** | | **2.2** | | **3.2** | | | **1.3** | | **2.3** | | **3.3** | | | |
| **Amagama afundiwe Esewonke** | **40** | | **80** | | **56** | | **5Q** | **60** | | **80** | | **55** | | **5Q** | **100** | | **80** | | **70** | | **5Q** | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | |
| **Amagama ambalwa ayisinqumo** | **20** | **30** | **10** | **20** | **10** | **20** | 5 | **30** | **40** | **15** | **30** | **15** | **25** | 5 | **50** | **70** | **20** | **35** | **20** | **30** | 5 | |
| **Igama lomfundi** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 1. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 2. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 3. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 4. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 5. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 6. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 7. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 8. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 9. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 10. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 11. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 12. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 13. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 14. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 15. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 16. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 17. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 18. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 19. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 20. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 21. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 22. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 23. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 24. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 25. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 26. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 27. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 28. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 29. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 30. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 31. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 32. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 33. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 34. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 35. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 36. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 37. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 38. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 39. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 40. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 41. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 42. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 43. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 44. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 45. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Isikolo:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Uthisha:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ibanga:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ukuhlolwa Kwekhono Lokufunda Kumabanga aphansi(EGRA) Ishadi lenqubekela phambili IBANGA LESI- 2** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **Ukuhlola koku- 1( Ekuqaleni konyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola kwesi- 2 ( Phakathi nonyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola 3 (Ekugcineni konyaka)** | | | | | | | |
| **Usuku** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Umsebenzi** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** |
| | **1.1** | | **2.1** | | **3.1** | | | **1.2** | | **2.2** | | **3.2** | | | **1.3** | | **2.3** | | **3.3** | | | |
| **Amagama afundiwe Esewonke** | **40** | | **80** | | **56** | | **5Q** | **60** | | **80** | | **55** | | **5Q** | **100** | | **80** | | **70** | | **5Q** | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | |
| **Amagama ambalwa ayisinqumo** | **30** | **40** | **20** | **30** | **20** | **30** | 5 | **50** | **60** | **40** | **50** | **25** | **35** | 5 | **80** | **90** | **50** | **60** | **35** | **45** | 5 | |
| **Igama lomfundi** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 1. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 2. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 3. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 4. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 5. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 6. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 7. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 8. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 9. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 10. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 11. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 12. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 13. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 14. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 15. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 16. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 17. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 18. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 19. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 20. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 21. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 22. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 23. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 24. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 25. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 26. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 27. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 28. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 29. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 30. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 31. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 32. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 33. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 34. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 35. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 36. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 37. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 38. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 39. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 40. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 41. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 42. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 43. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 44. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 45. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Isikolo:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Uthisha:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ibanga:** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Ukuhlolwa Kwekhono Lokufunda Kumabanga aphansi(EGRA) Ishadi lenqubekela phambili IBANGA LESI- 2** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **Ukuhlola koku- 1( Ekuqaleni konyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola kwesi- 2 ( Phakathi nonyaka)** | | | | | | | **Ukuhlola 3 (Ekugcineni konyaka)** | | | | | | | |
| **Usuku** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| **Umsebenzi** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuphi nyiswa kwezi nhlamvu 1.1** | | **Ukufundwa kwama gama 2.1** | | **Ukufundwa kwesi gatshana 3.1** | | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** | **Ukuhlolwa kesifundo sokuqondi-sisa** |
| | **1.1** | | **2.1** | | **3.1** | | | **1.2** | | **2.2** | | **3.2** | | | **1.3** | | **2.3** | | **3.3** | | | |
| **Amagama afundiwe Esewonke** | **40** | | **80** | | **56** | | **5Q** | **60** | | **80** | | **55** | | **5Q** | **100** | | **80** | | **70** | | **5Q** | |
| **Isikhathi sokuhlolwa** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | **1st** | **2nd** | | |
| **Amagama ambalwa ayisinqumo** | **35** | **40** | **50** | **60** | **30** | **40** | 5 | **40** | **60** | **40** | **50** | **35** | **45** | 5 | **90** | **100** | **70** | **80** | **50** | **60** | 5 | |
| **Igama lomfundi** | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 1. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 2. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 3. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 4. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 5. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 6. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 7. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 8. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 9. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 10. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 11. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 12. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |

| | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 13. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 14. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 15. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 16. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 17. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 18. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 19. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 20. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 21. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 22. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 23. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 24. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 25. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 26. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 27. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 28. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 29. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 30. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 31. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 32. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 33. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 34. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 35. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 36. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 37. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 38. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 39. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 40. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 41. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 42. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 43. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 44. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |
| 45. | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | | |